

Lencuadi iphethe Legi:

1	Ukubonka utshani	1
2	Isiwana	4
3	Ukubiza Imvula	7
4	Ukuklonipha	12
5	Izimfisi Ezakaph'igazi	17
6	Izichwe	18
7	Izintaba nemifula	27
12	Amabaca	37
26	Abakwa Sibuya Ngamahlaha	40
15	Amazimuzimu	45
16	Isinkhizyo zamakhosi	54
17	Uma Zugafulele	66
18	Kwa-Matwane	68
19	u Cetshwayo no Mbuyazwe	70
21	Ithongo	82
22	Ukwethwasa	87
23	Abafana bogunga	92
24	Ukhomkhukhulwana	100
25	Ukugcweleza	105
26	Laduma Izulu le Nkosi	111
27	Idlozi liyabekelwa	118
28	Abakwa Sikhakhana	126
29	Isithembu	133
30	Ukukhamba ebuseku	140
31	Izigwe sabakwaCele	145
32	u Nosimilo ighawekazi	164
	Izigophe 2 : uNosimilo no Nkweni	182
	Izigophe 3 Ukungoba kwothando	194
34	Izinswelaboya	218

K13/3

152

Lencwadi iphethe Lezi:-

1	Ukubopha itshani	1
2	Isivivana	4
3	Ukukiza imvula	7
4	Ukukhlonipha	12
5	"Izimpisi Ezixhaph'igazi"	17
6	Izichwe	18
7	Izintaba nemifula	27
8	Amabaca	37
9	Abakwa 'Sibiya	40
10	Amazimuzimu	45
11	Izinkhiziyo zamakhosi	54
12	Ukwazi	76
13	Ithongo	82
14	Ukwethwasa	87
15	"Akafana koqunga"	92
16	UNomkhukulwana	100
17	USigcwele gcwele	105
18	Izulw de Nkosi	111
19	"Idlozi liyabekelwa"	118
20	Abakwa Sikhakhana	126 128
21	Isithembu	133
22	Ukukhamba ekusokw	140

152

K13/3

(2)

	Isizwe sakakwa Cele	145
24	U Mosimile, iqhawe kazi	164
25	Isizwane endulo	213
26	Izinswela boyi	218

begins

K13/3

152

152

Indexed
16/11/39

typed

8/10/39
index

16-81 - 7
213-217 } missing 2/12/38

A (152)

K13/3

152

Inkambo Yasendulo

Amasiko nemithetho

Yabantu

Ngw R. R. R. Dhlomo

Umlobi walamaboku: "Izikhohlo
 li Zanamuhla," "uDingane ka Senza-
 ngakhona," Inkambo ka Shaka
~~ngase Mpande~~, "uCetshwayo"
 "Ukwazi Kuyathuthukisa".

152
p. 1-125

Indexed K13/3
16/11/39

25

K13/3 ①

Ukubopha Uthani

Lomkhuba ukhona ezweni lakwa
Ngwane eSwazini, nakulo leli lakithi
kwaZulu ukhona nakhona. Kuthi-
wa kuboshwa uthani obuseduze
nendlela uma ovesifazana ebalaki-
le washuya indoda yakhe naba-
ntwana. Uthi ingakona indoda ukuthi
nbalakile ihlabe umkhosi kuphume-
bonke abantu bomdeni wayo basaba-
faka ngazozonke izindlela, behamba
bekubopha uthani. Bekubopha amafi-
ndo. Babophe loko obuseduze kwe-

2

(152)152

K13/3

ndlela ahambe ngayo lowo ovesifa-²
 zana. Kuthwa lokho kwenzelwa ukuba
 amafindo lawo amvimbelel ovesifazana
 lapho ebaleka athi angafika lapho ema-
 findweni othami angadluli.

Kangazi ukuthi kuyenzeka yini
 lokho, kodwa ngumkhuba owabe we-
 nziwa ka khulu lowo kusjala.
 Abanye bathi ukubopha amafindo
 othami eduze kwendlela kwenzeka ukuba
 lowo, owa bophayo lawo amafindo abena-
 hambo dubhe, afike nalapho eyakhe-
 ehluzekwe. Umlobi walo lilibuku

uzakhumlula ukuthi sengumfana omu-
 ne kubo eSizamus ngase Mgungundlovu
 wezwa abadala bekhuluma ngabo utshani
 lobo obuboshwa amafindo. Wezwa bethi
 lokho kwenzelwa ukubamba izanga
 ukuba lingashoni masingane.

Amakhosi bazi aseSizamus ayewu-
 ka ekuseni bakhulu eyakowasha izi-
 ngubo zabelungu eThawini, kuthiwa
 nawo ayayelele ukubopha utshani
 amafindo ethi abamba izanga ukuba
 lingashethi liphume khona eziphela
 eMgungundlovu kusempondo zamkomo.

4.

K13/3

152

2.

Izivivana

④

Danku munye umkhuba waki-
 thi awabewenzwa ishe kube yizozo
 nke izizwe ezimnyama. Izivivana le-
 zi yingwabala yamathe emi endle edu-
 zane nezindlela kubanjwa kuso.
 Uma nthi ungafika eduze kwesivivi-
 vane base uhlala phantse ulinde-
 kuzo kudlela abantu abahambayo
 ngaloyondlela wokabona becotha
 amathe bewaphonse kuso. Abanye
 bewafela ngamathe kuzala amathe
 andu kuba bewaphonse esivivaneni.

besebedlula begonda lapho begonde ⁽⁵⁾
 khona. Ubuzeki uthi, "Nikwenzelani
 lokho na?" Abanye bazophendula
 bathi, "O, sikwenzani ngoba sifuna ukuba
 bayenhlambula lapho sijakhona
 sifika ithokozelwa khona. Sizengeza
 izihlobo phantle." Abanye bathi ngu-
 mkhuba wakithi wemvelo lona. Ka-
 sazi ukuthi uthini kodwa, abanye ba-
 bewenzi, nathi kuswelekile siwenzel.

Kepha kuthiwa lomkhuba wa-
 wungenziwa ngabantu kuphela ngo-
 ba nezinye izigwe zakuleli nazo.

izwanes. U Mnu Fuzi ngalokhapha elo

kuthi zaqanjwa ngu Dqetho inkosi ya

kwaQwabe mhlazama ebalabela u

Shaka.

152

7

K13/3

3

⑦

Ukubiza Imvula

Imvula lena kuyekuthi lapho li-
ngasani, kanti isikhathi saso soku-
ma sesifikile kulungwe ngezindlela zo-
nke ukuba yenzwe imthe. Amakho-
lwa ayezindleli zamasono ayokhuleka
kuzikulunkulu ukuba athumele imvu-
la. Dabangakhulwazo kuthwa nabo
benza imikhulko yabo yemvula. Kwa-
Zulu kwa kuyekuthi lapho ama-bele
esetshiswa ilanga selitsha imhlanzi
esizibeni ngemisebe yalo, lincengwe
ukuba line. Abanye baphume bayo-

152

K13/3

⑧

zingela izinyoni zezulu okuthiwa zidinge-
zi; bazi bulale bazi khontse esizheni. Ku-
thiwa bakwenza lokho khona izulu
lizoda bukelwa izinyoni lezo ezi bulawe, be-
seliwohloza izinyembezi likhala. Ku be-
u kuma kwaloke njalo lokho.

Abezifazana babethatha izingane
zabo basimbeli emhlabathini zvela nga-
makhanda ngaphezulu. Besebeyobaca
ibangana elikudana nalapho bembeli
khona izingane zabo. Basithoke isililo
manje, bekhalabazi bulala. Bathi bacela
iNkosi ukuba ibahambele phela lapho

9

K13/3

9

152

isibabona sebembela isingane zabo ka-
 njalo ngoba benceng imvula. Bathi ba-
 ngasiqeda isililo, bazimbalule isingane
 zabo babuyele nazo emakhaya, benethe-
 mba elikhulu lokuthi imvula iyeza ngoba
 zimungu ezinye izigwe esenza emi-
 khuba efana nazo lena lapho zibiza
 imvula. Kasizujhlola leyo namhlanje
 ngoba sisafuna ukufakazi obugweleyo
 ngayo. KwaZulu inyanqa yezulu ya-
 kinedumela elikhulu ezweni lonke.
 Yesathwa ngabantu, futhi ihloni-
 shwa. Amanye amakhosi ayezi biza ngo-

152
150
Kuthi ayiso nawo ziyanga zezulu ngoba

esaba ukuba kubekhonat ziyanga yezulu

ezweni, engase ibenamandla afana nawayo inkosi

Denkosi uShaka ngobo lwakhe

wathi nguye kuphela ziyanga yezulu kwazi

Zulu, ngoba engafuni futhi esaba ukw-

misa ziyanga yalo.

Dingeyiqedei ngokwe imikhuba

eyabeyenzwa yoku biza imirela. Dgenge

inkathi kwakuyekuphume amantombana

zana ekhaya abambe ndwendwe ethwela

amanzi. Ezphamba noma ibanga elide

bakhulu aze ayofika lapha eyobiza kha

na imvula. Athi angafika lapho awa-
 thele phantsi amanzi kuluyondawo
 ekhonjweyo. Ukuthi kwambelwa ku-
 yo inyanga yezulu. Akwenzanga-nye
 lapho aqale ngokusina ayisungeza
 eyenga amafu ukuba athambe
 alethe imvula.

12

K13/3

152

⑫

Ukuhlompha 4

Kuthiwa kwazulw abantu babe-
saba ukulungisa esizibeni bethi ku-
khona isilwane esihlezi phakathi
esizibeni esizibadontela phakathi.

Umkhuba wakethi kwazulw ka-
wuvami nempela ukuba abantu ba-
bizwa inkosi ngegama layo nabasonde-
lene nayo ngozalo. Futhi namanye
amagama asondelene nelenkosi kawa-
bizwa; ayahlonishwa kakhulu ku-
fanele esinye isihlanu zamagama
okuzobizwa ngazo lezojinto ezihlonishwa

152

yo. Ka khulu abesifazana noma kungam

basendun'kulu bahlonipha ka khulu.

Ogenye inkathi ungaze ungezwa nempe-

la ukuthi bathini lapho bekhumama

☺ Inkosi yakwa Adwandwe kwafu-

kungudanga. Aba kwa Adwandwe babe-

ngalibazi ilanga leli eliphuzulu bathi:

"ilanga", babethi "igala"; ngoba behlo-

nipha inkosi u Langa.

Aba kwa Dzumalo bonai babe-

hlonipha igama lokuthi "kwalusa".

Lapho bethi ukwalusa bathi "ukukha-

ngeza." Ngoba phela nango u Dzalusi

s. (152)

(14)

152 Kuyigama lenkosi yakwa Drumalo,

Kusa busa w Mpande kwazulu

izimpande zintu zazingabizwa ku-

thiwe izimpande; kwa kuthiwa "zi-

ngabo". Kublonishwa yona inko-

si w Mpande.

Daza inkosi in Cebwayo wayer-

blonishwa. Kungasheva nempela

w kuthi "amacebo" usashana umuntu

eqamba amanga; kwa kuthiwa "ama-

khwatha". Phela uma bethi amacebo

bebiza yona inkosi ngoba nant'iga-

ma layo lino 'ce'

152

(15)

bona a beifazna ba behlonpha
 nabafowabo noyise benkosi nabanye aba
 sondele kuyona. Dazi ezinise izinhlal-
 muni okwa kuhlomishwa ngazo:

Indlela: Dwa kuhlomishwa leliga-
 ma mhlambulwe inkosi ebusayo lapho
 kungu dlela noma mhlambulwe ama-
 lphazana behlonpha uzisizela noma
 ngama khe lingu dlela bayekathi
 lapho bekhumama ngendlela iyathuka

Amanzi: Amagama aqhekezwayo
 noma kuhlomishwa lelogama bayeku-
 thive Amandambini noma Amajizimba

16

K13/3

(16)

152

Ukukhuluma: Umama kuhlomishwa lelo-
gama kuthiwa ukhuluma.

Ukubamba: Ukubamba kunen-
gama lakho lokukhulomishwa uma o-
li lokuthi "ukubamba" kungelomuntu
ohlomishwayo kuthiwa ukukhuluma.

Amasento: Kuthiwa Amasento

Umanzi: Kuthiwa Umanzi

Ungama: Ungama bathi Ungama

abanye bathi Ungama.

Umfanani: Kuthiwa Umfanani

152

Impisi Ezikhathigazi 5. (17)

UDomathali ka Lango wabeyi-
 nkezi yezizwe sasezibisini. Isizwe
 samagbawe empit. Kuthiwa kwathi
 lapho uDingiswayo esvela ekudingiswe-
 ni kwa lehel wapehambwa nazo izint-
 zwa zasezibisini. Daphiwa leisaga-
 nje leingizwe ngemva yobugbawe base-
 obukhulu. Kwathiwa, "Abasezibisini
 izimpisi ezimlomo bomawu ngokuc-
 xhapha ngazi lamantso."

152

18

6

K13/3/102

18

Gyichwe 8

Babesathwa kabi abathwa laba
 kugala ngoba nasencwadini ya khe
 w Canon Callaway uloba ngaloluvalo. Uthi
 enye indoda yakwaZulu yamshela u-
 kuthi yini eyenza abathwa besathwe
 kangaka. Yathi, "Abathwa bayesathwa
 ngabantu; ka besathwa ngenxa yoku-
 khuliv bemizimba yabo, noma ngoku-
 qina kwobuso babo uxashana ukar-
 lie kile. Kaba bakhulu neze, bayizintofe
 izincane ezikhasa othamanini. Oxashana
 umuntu ehamba endleleni uye aphi uma

s. (152)

19-

K13/3

19/11/19

19

kuqhamuka isilwane nama umuntu
 ngizaba bona. Iho, umuthwa angam bona
 kanjani lokhu ukhasa phantsi otsha-
 nini, ka bonakali? Uyezwanje useku-
 gwaza ngomcibitsholo wakhe. Uthi na-
 lapho ube ka ukuthi ungabe ngwazup-
 yini ungabonanga mustunje, ungabo-
 ni lutho. Dantsoke into eqeda umuntu ama-
 nda, ngoba umuntu ufa engabonanga no-
 muntu alwa naye.

"Yikhokenje lokho okwenza
 abathwa laba besathwe kangaka, ngoba
 kauramboni nalapho ulwa naye. Bafan-

20

K13/3 NZ

20

na nasegesi abathwa laba; kawazi nala-
 pho bevela khona, uswanje, sebe kuli-
 maza. Badlale ngawe weswelel nobutho
 ngo lapho sebe kaphethe. Phela izenze
 lincane, kalibambeki. Kube kuyilapho
 nesandla somuntu sisi khulu sifuna
 into esungayibamba ibambeki. Ba-
 njaloke abathwa, bafana namazenge-
 wona ekhaliphe ekusukw. Abathwa
 bakhaliphe othamini ngoba babaca
 kubo ungababoni nempela. Dakhoke-
 lapho ekhona amandla abathwa awe-
 nga behlule abantu abakhulu kuma-

bo. Umcebitholo ababulala ngawo abai-
 ntu kawuluthonje uwoodwana; indaba
 lapho ikhona isihlungu sawo lesi ogo-
 tshwe ngaso esihlokweni sawo esithi si-
 ngahlangana negazi lomuntu sinbu-
 tala khona lapho. Dantoke into eyenzak-
 besatshwe kangaka abathwa. Yatho ngas-
 loko indoda yakwaZulu kuCanon
 Callaway. Ulanda ngayo lenda ba enwa-
 dimi yakhe ethiwa: "Dussey Tales,
 Traditions and Histories of the Zulus."

Kwakekwenzeka indaba emangalisa-
 yo ngabo abathwa laba kwaZulu kusa bu-

22

K13/3

sa uMpande, kwazise babekhona ngalayo-
 nkathi. Kuthiwa kwathi impi kaMpande
 iwela kohlasele yahlangana naye umuthwa
 ezihambelanji. Phela bona abathwa ka be-
 sabi noma babona umuntu, omkhw-
 lu kunabo ingathi thina esi bakhulu
 kunabo siyesehu ka lapho selamela
 umuthwa singazelele.

Uku lapho umuthwa ebona impi
 engako isa, wemanje wayibeka, kasesaba
 nokwesa ka. Kwasekusa ka enye inda
 da khulumal nawa. Kasezi yambi-
 ngelele kwazise phela ukuthi ayamedele-

23

K13 3

la sithi ka kumuntu walutho. Yafika kw
 ye yasithi: "Ungumuntu munike we-
 na umfihane kangakanje?" Sathu-
 kuthela sathelwa ngamanzi isichwe
 sathi: "Ukutho kubani lokho ukw-
 thi ngingumuntu wani? Kumboni
 ukuthi ngiyindoda?"

"Suka lapha! Yindoda enjani.
 le engangane?" Bahlaka abanye
 bempu ababehamba naleyondoda. Kwatho
 masiphume ukuthukuthela isichwe
 lapho sibeswa behlaka. Sabajamela
 siminje phambi kwabo. Basethi:

"Kulungile phela, mfowethu; ngeyise njalo
Kodwa ngikubhila ukuthi mina kangi-
hle kwa, uyeywa? Kangihle kwa mina!"

"Kawuhle kwa ngoba uyini, lesi-
sichwana?"

"Kulungile phela, nawe wogala
sona isichwana lesi othi ngiyisona
Kangihle kwa mina. Ubongi khonzela
esichweni lesi ayozigala ngoba uhle kwa
mina." Pasho sibamba indlela ego-
nde kwaso,

Basala behlekanje abantu ba-
kwakulu, bengayithayimkhuba leyo-

nto. Zafika ekhaya bahlale bathokoze
 bayakakhohle nokuthi bakes babona
 umuthwa. Okuduku leyondoda epe-
 delala umuthwa yazala ingane yo-
 mfana. Kwathokoza kakhulu emzi-
 ni wayo. Ithe isakhulanye babona
 abanye abadala ukuthi bayikhuli
 neze kahle njengesinye isingane. Yan-
 simeze yabachanye. Kuthi sekudlule
 iminyaka eminingi ingane ingakhu-
 li waqala ukwakhumbula manje
 amazwi omuthwa uyise. Lwamudla
 walo. Kwaziwa kobula. Zafika isi-

26

K13/3

NOT

nifa fga zashaya khona emhloeni, zathi
 inganele ifulathelwe ngamadlozi ngoba
 uyise wathukuthelisa umuthwa.

Zathi umuthwa uyiqalekisiwe inga-
 ne leyo ngoba uyise wamedelala
 mhla behamba bevela kohlaleni
 Igama lomfana lowo ngu Magwaza.

U Magwaza wakholiswa nguyise
 wahlaka isichwe kanti ulaka lwaso
 luzowela phesvu kwakhe aphenduke
 isiphwe kungcali lakhe!

(52)

27

7

K13/3

Guntaba Demifula.

Baku saloba encwadini yethu
 ethwa, "Kikhali Zamamuhla." ngama-
 gama amahle aqanjwa ngabantu ba-
 kithi ngezinto abazi bonayo. Bathi
 umkhuba onjalo mihle ngoba ukho-
 mlisa ukugaphela kwabantu izinto
 abazi bonayo. Dasezikoleni ukhona lona
 mkhuba wokwethana amagama, kunc-
 dhala kodwa wona eqonde ukuchaza
 isimo sabaninwo.

Dgenye inkathi igama elo libe-
 nguyena ngobo umninilo, limufane-

s. (152)

K13/3

le ngakho konke. Sigaba sekhulume na
 mhlanje ngamagama ezintaba nemifun-
 la yakithi laphi eDatali nakwaZulu,
 kesizwe ukuthi amagama aye athinisi.
 Dayo imifula sizoba sinone ngayo no-
 ma singeyiqede yonke. Amagama
 ezintaba namagquma athwa ngaba-
 ntu ngoba bebona isimo salo ezintaba
 nalawo magquma. Mhlambel besu-
 swa yisigigaba esithile esenze ka-
 kuluyondawo.

Umfula owaziwa kunayo yonke
 lapha eDatali nakwaZulu eThukela.

29

K13/3

Umfula onedumela elikhulu ngenxa ye-
 zigqaba ezazenze ka kuwo noma ose-
 kwini lwawo. UThukela umfula
 onude nonkhulu kunayoyonke e-
 Natali, ngoba ubude bawo, nxa si-
 funda ezincwadeni zabelungu, bunga-
 mamayela angama khulu amabili.
 Lapho usuka khona, odini kuthwa
 ubabazi bawo buqazayathelo ezi-
 ngama khulu amane namashumi
 ayisikhlanu. Noma abantu bethi uk-
 saka kwalo edwaleni uThukela lu-
 yethukela kapha kasebeni ukuthi

lwethukela kanyani ngoba abalwazayo
 bathi lusuka njengayoyonke imifula.
 Mhlambi basho ngoba lusuka nga-
 mandla edwaleni.

Isigigaba esikhulu futhi esenze-
 ka oThukela eduze nalapho lusuka
 khona, lwempu enkulu kaDingane
 namaBunu, eyalwa yawaqeda ama-
 Bunu lawo. Lempu emva kwoku bulawa
 kuka Piet Retief nabanye be bulawa
 nguye uDingane.

Ukhahlamba yizintaba ezijiketa-
 nga; uhele lwezintaba ezicithe zizintaba.

31

K13/3

n

ngesi belizwe. Kuthiwa zizobhale olude
 elinika kwelaseKolonizizishayeka la-
 pha kithi Bodwe. Ukhablamla yiga-
 ma lenye yezintaba lezi eziyiKetango.
 Lentaba ingase izhonolanga yalilizwe la-
 kithi. Izinjongo ezibekwe phezulu sengathi
 izinaliti ezinkulu ezibekiswe phezulu.
 Uma besho abaziyo bathi igama elithi
 ukhablamla litho into esuka injalo,
 emile izinjongo sengathi iphibilizeka
 phansi yasakazeka.

Kuyekuthi lapho kumakhoza
 kakhulu, umoya utshaya emongweni, si-

zwe abadala bethi, "Hhay, kwamukhazak-
ke khona; likhithikile, o'dini." Besho
zona izintaba lezo zokhahlamba.

Digapha ngase Bulwe, ngendela
eqonde eMzimkhulu, kungesinye kodwa
equkela ulwandle, ngesho le esuka
eMgungundlovu, ku khona intaba ender-
ebizwa ngokuthiwa nMabwaga. U-
mlobi walelolu ku wake wakhwela
na banje abantu bakhona waze wa-
yofika esiqongweni sayo. Thezulu
lapho ku khona ibu ku eligwela ama-
gama abobonke abakhwela baze bayo-

K13/3

fika engangweni sayo. Daze umlobo
wathi angafika phezu waloba igama
lakhe.

Dinkawu ezikulentaba zijesabe
ka mbungu base. Bazamelala saze
sazofika phezu. Ukhawaga lona
ubizwa ngaligama ngoba kuthiwa
ukhawagabele, Okuomuntu khawaga
balise ubuso. Dgizabona ukuthi
bayetha leligama abantu ngoba phe-
zu laphaya kuhlala kulehona
inkungu, efihle isicongo salentaba
Nathi kwathi lapho sesehlile, sathi si-

lieka phazulu esiqongweni kasasbona
 kwazisel inkungu yaziqhwaqabalisi
 le phazulu, sekukhwe emini.

Dankoke umfula omkhulu
 othiwa nguMzimkhulu. Wabuka-
 nise izwe lase Natal kwekamaqwa
 lomfula welama uThukela ngobukha-
 lu. Yikhonje wethiwa ngama elithi
 nguMzimkhulu.

Kulo belu iketango leintaba z'On-
 ndi ekade sekhulumangalo, kulehona
 enye intaba enkulu eyethusa okho-
 kho bethu ngobude bayo. Bathi lapho

bozubeba bathi, "Haw, yase yajindeke khona
lentaba! Umdedelele nje." Sahlalake igama
lelo elithi, "Umdedelele", elisho ukuthi
ijekeni izihlalele. Dempela yazi hlalala
intaba yansondo.

Ziningqi ezinye izintaba nama-
gquma nemifula okwethuwa amaga-
ma a fanal nalawa agonde okuthile
mayelana nalezizinto. Onke lamaga-
ma akhombisa ukugaphela kwaba-
ntu izinto eziseduze nabo. Demisi
emikhulu lapha kithi nesigwele abe-
lungu miningi esabizwa ngamagama

abantu aqonde okuthile okwenzeka

kuyo, mhlambi isigaba esiqonde-

na nayo. Khatshimbe amakhosi

ayabusa kulezigodi.

Kubhe nkuqaphelisa izi-

nta ezincane ngasemke isikha-

thi

Amabaca abacela utzulu aze
 ethiwa lona leligama eseswabiza nga-
 lo namhlanje lokuthi amabaca. Ku-
 thiwa phela kwathi lapho izwe la-
 kwaZulu selinyakaza ndawozonke,
 linyakaziswa nguShaka, kwabaleka
 abantu abaningi njengoba sesithile.

Kuthiwa kulaba bantu ababaleka
 ngalenkathi kwakukhona noSonya-
 ngwe kaKhalimeshe, owabaleka ne-
 qembu lakhe elikhulu. Wabaleka
 nabo ehambeni ebacas, ebacela impi

152

19

~~le~~ Shaka, waze wayofika ehlathini
 las' Ongoye. Wacasha kulo. Abantu baya
 lamba noma bebalakela ukufa. Daba
 labo yabaphatha indala ehlathini lela
 kwajinkinga nje ukuthi bazoyibasa kan
 ngani imililo bapheke noma bese
 inyama, lokhu nakhu bacashile.

Kwasonbala ukuthi inyama iza
 shwa ingaphekwanzi. Dimpela itha
 ingahlathwa inkomo lizo ifukuthwe
 iluhlaza. Ukufukutha kusho ukudla
 inyama ingaphekwe. ^{5/10/39} Waqala laphe
 umkhuba othandwa teikhulu ama

153 Baca namuhla wokufukutha. Asu-
 ka kulolohlathi ahamba ebusuku,
 kuthi emini abace emahlathini no-
 ma ezintabeni. Ahamba, ahamba, aha-
 mba ase ayofika eMzembhulu lapho
 kwakhekhona amabaca. Sahlalake
 igama llo alhiwa ngabantu bakwa-
 Zulu lokuthi ngamabaca ngoba ayeha-
 mba ebacela uZulu. Dathi namuhla
 siwabiza sithi amabaca. Mhlambe
 uma uZulu wayengabazambanga llo-
 gama babeyobizwa kuthiwe ngabakwaFukutha
 mhlambe kuthiwe ngamaFukutha, ngoba ba be-
 fukutha ingama.

Abakwa Zibaya Ogamaqhahla

Sizwe lezi ezikhona emhlabeni zi-
 ningi kakhulu, kodwa thina sizokhu-
 luma ngezakithi kwaZulu. Dazo si-
 ngezi bale zonke. Sizothatha nje lezo
 ezinamagama azikhaya izaga, kesiwe
 ukuthi zawathola kanjani amagama
 anjalo. Phela ukwanda kwesizwe lokhu
 kwenziswa ngoba abantu babahlaba-
 zeka bangahlali ndawonye, abanye
 baxeshwa ezweni labo yindaba, bathi
 ake badlulele phambili mhlaumbe
 bangase bathole khona indawana eba-

nzi yokuhluma neyedlelo lenfuzo yabo.
 Basuka lapho bayokwakhela kwenye indawo,
 basuka laphonje kusuka umuzi
 wonke nezikhulu zawo, okuzakuthi
 phambili lapho sebakhela umuzi omu-
 sha esinye sezikhulu lego sababuse-
 sibe inkosi yabo, uma bebengena-
 yo. Phela no Mzilikazi ka Moshobane
 wabaleka kwazulu enkathini kaShaka
 wayothelaka enhla eSwazini lapho
 wafika khona wabanesizwe esikhulu
 okuthiwa ngesamaBedebele namuhla.
 Enye futhi into eyandisa izizwe impie

42

K13/3

n

Kusabusa nshaka izwe lili lalilekhulu
impela futhi lizikhalelenje. Kodwa kuthi
nshaka esabuse inkathi emfushane-
nje, lase ligewele abantu.

Okhulu phela baroshwa unla-
ka lakhe. Athi umuntu angezwa
nkuthi nshaka usembalela izinsu-
ku zokufas kwakhe, ege abaleke el-
ndelwa abantu abaningi. Afike pha-
mbili akhe umuzi omusha. Bandle
abantu bakhe, babe isizwe esikhul-
lu, nabo, noma esincane.

Nabo bathi bangazinza lapho,

baqalase emagqumeni aseduze nabo ba-
 bone abanye bakhile njengabo, befuyi-
 le belinile. Besekufika kubo ukuthi
 uma sihlasele labaya abantu si ba-
 ngqobe bothola umhlaba wabo na-
 masimus abo nemfuyo yabo. bese si-
 phila impilo engcono kunalena. Daba-
 lake sehlasele nabo lesi sive. Inhlawu-
 mbe basingqobe, mhlaumbe banqo-
 thwe. Abangotshweyo mhlaumbe babo-
 lebele phambili futhi, nalapho bafike
 bakhe omunye umuzi. Kuphinde sona lesi
 futhi. Zandeke isizwe ezweni lelo, ligcwele abantu.

Thina ke sizokhulumani ngezizwe ezinkulu
eznamagama aqisqqa. Dasi isizwe esikhulu
sakwa Sibya. Basakhe phakathi kwe Dyo-
lozi emhlophe nemnyama. Igama lase lo-
kuthi "Sibya" kuthiwa salifumana ngo-
kufuya kwaso izinkomo eziningi. Basa-
fuzile impela, uwaca lwemhlambi. Abantu
bade bethi lapho bekhulumani ngaso:

"Dampoke abakwa Sibya ngezinka-
mo, abanye bebuya ngamahlala. Besho
ukuthi imfuyo yabo yajiningi ngangoba
babengabizela ngayo imizi yabo. Lawelake
igama elithi, abakwa Sibya.

45²

K13/3

m

15

Amazimuzimu

Amazimuzimu ngabantu abadla
abanye abantu.

Swanise ukufunda ngamazimuzimu
ezincwadini zezingane kwane kw-
besengathi wonke amazimuzimu lawa zez-
zingane kwane kuphela, kakusilona na
mpela iqiniso. Kanti amazimuzimu ka-
bu baka babakhona kulo elizwe lakithi
ngenkathi yokubusa kukabhaka kase-
nzangakhona. Okwelinye ibutho
letho sase saxosa ngobulokhuni ka-
zikhathi ezazifekela abantu kusa busa

ushaka. Kwathi ngonyaka ka 1820, lonke
izwe leli ushaka waliphendula ihlane
wabaqeda abantu kwabasengathi kakuse
kho noyedwa umuntu ezweni.

Ube nyahambe ufike emanziweni,
phinde ubone muntu. Kwenye indawo
ufice kwakuniswa umuzi kugwele
amathambo abantu abafileyo, ufice
amasimane eshisiwe nezindlu. Ujbonele
nje ukuthi ibihlasele lapho impi ya-
shaya yagothula kakwasala lutho olu-
philayo. Izinja lezi zaphenduka ama-
nkentshane abhlasele emizini eselayo,

S. 15152

emini kubaleli lithi lita.

Abantu baphenduka izilwanyana
na. babekana ngesiqu zamehle. Kwasi-
suka omunye umuntu othwa nMdava
wasemaDungeni, wagoqa idlangezana
labantu wazingela ngabo abanye, beka
bulalela bedla. Ukwenza nje lokho ubu-
lawa indlala phela. Wabona ukuthi
kulula kubulala abanye abantu adla
bona kunokuzingela isinyamazane azisa
vesi esingozini zoludliwa izilwane
nguyeke nMdava lowo onqalala
lomkhuba omubi wokudla abantu wa-

S. (152)

152 basingelisa okwesinyamazane athi angam

152

babamba abadli yena nabantu bakhes

wanda lombhuba omubi ezweni la-

kwaZulu. Abantu baphenduka ama-

zimuzimu ezinganekwaneni, baqeda-

na bodwana kalokhu. Digu Dwigane

lowo owabaxosha baphela kwaZulu

abadla bantu, owageda lombhuba

Akuthi ngelinye ibanga libalele

nje libantu bahle, kwasuka umfa-

na waseMamjavini wayakofuna

ukudla, naye ephethwe intaba. Uha-

mba nje kakekho muntu laphakha

152

ya, kubanjwe. Uthe lapho esahamba
 ecokosha lapha nalaphaya, wa bona es-
 haqwe abantu abaninginje. Abathi
 ukuba babone ukuthi uyethuka, base-
 benidumela.

Uthe besuka lapho babehlal-
 sela umuzi wase Dransfontein beshaga
 zonke izingane nezafukazi esazisele
 ekhaya, bahambanayo bayoziphaka.

Kuthe besendleleni weqa u Domsin-
 mekwana, waphonseka kwesikhulu
 isiziba esigwele izimvubu. Phela ye-
 na wabehamba phambidlana nje

152

kwabanye ethwele umbiza ayesophe kwa
 kuzo. uthe lapho esiphonsa esizibeni
 anciba ngemikhonto amazimuzimu,
 abhuleka ukungwaza. wacasha osebe
 ni lomfula esingce evesa'ikhala nje
 ngaphesulu kwamansi, ephefumula
 alinda, alinda alinda amazimuzimu
 azakhathala athi akunani ngoba na
 zi ezingce izinyamazane sinazo, ngo
 kudla zona. Waphuma esizibeni
 u Nomsimekwana wacela empunzi
 ni eseqonde ekhaya eyohlaba umkhosi.
 Athe efika amadoda ekhaya eka.

de eyofunna ukudla afika sekukhala ibu-

ngane. "Yini bafana? Bathi onyoko

nabanye abantwana?"

Bathathwe amazimuzimul afike

lapha ashaga bonke, ababulala

ababethi bayabalaka."

"Iho wena wasanda kangani,

bafana?"

"Mina ngeqike, ngaziphonsa esu-

zbeni ngabaca khona azahamba

sangashya."

"Umhlola lona!" kusho amadoda

ebamba indlela eseqonde kwaZulu ese-

52

K13/3

152

(27)

yoqhlahlala kuze uShaka ngobo. Ethu oku-

ngemani asi bulawe nguze uShaka ngo-

bo. Kunokuba sibulawe amazimuzimuzi asi-

pheke. bathatha lokho okwakusele bayaka

zikhonzela kuShaka. Nomsime kwana wa-

khula waze waba inkosi yawo amanyawu

wawabusa inkathi ende kakhulu ewabusa

kahle ngoxolo.

Waye wafesekela ekupheleni

kwempi yamaBunu. Amanyawu ayakhe nga-

seMngeni enhla nawo ngase Mkhambathi-

ni ezansi nawo. Kwathi bapho esez-

khonzela kuShaka alwa izimpu eziningi

152

53

K13/3

(28)

zakhe, engamaqhawe amakhulu.

Kuthiwa nanamuhla asakhile

khona lapho eMphambathini.

54

K13/3

16

m

152

Izinkhizijo Zamakhosi

Wonke umuntu obayo lapho ekhu-
 luma ngoShaka uvamisa ukubabaza
 ukubi benkhizijo yakhe obungandile.
 Iningi lalabantu lwamisa nokuthi u-
 Shaka wayemubi edlula bonke abantu
 emhlabeni. Sujazi ukuthi kunjengiso ka-
 ukuthi uShaka wayemubi ngoba etha-
 koziswa ukubulala abantu ngezindle-
 la zonke ezibuhlungu. Kepha lapho si-
 funda kuzo izincwadi zezindaba zezwe,
 sifumanisa ukuthi kulonke izwe li-
 ngaka-nje babebaningi kakhulu aba-

55


K13/3

n

ntu ababebabi bakhulu befana naye -
 nje nshaka. Abanye ububi babo ba-
 bebwenza sekwele nokukhanya emhla-
 bemi, izwe leli seliqala nokuphucuzeka.
 Kubi kunjilapho nshaka ububi ba-
 khe wayebenza izwe lonke lisaduk-
 za oswini lwenkomo lobumnyama.
 Ziminqi izigigaba futhi zobubi ezaze-
 nziwa abantu abakhulwazo bezenzela
 egameni lenkosi. Maninqi amakhosi
 namhlophe, ayenza ububi obuhlasim-
 lisa igazi obufana nabonje obuka-
 shaka; kepha wona ebenza ngezikhatho

izwe seliphucuzeka. Kasinuku wabiza
 ngamagama awo, ngoba kasijondile ukw-
 wikelwa nshaka lapha. Sicaba ihlathe
 nje esizphamba kulo ukuzi'indlela
 sijibonele kahle. Sizokhuluma ngama-
 khosi athile amnyama aye fana - nje
 naye nshaka ngobulokhuni bezi -
 nhlizigo zawo.

UDombenqulai inkosi yama Ddebe-
 le wayenemhlizigo elukhuni ka khulu-
 ekuthanda ukuzwisa abantu bakhe
 ukubhulangu. Naye abantu wayebabula-
 lela ize, futhi ekabulala ngendlela eku-

hlungu bakhulu. Ngelinye ilanga kwathi
 izikhulu zakhe zihlezi-nje zixoxa indaba
 kwenzeka iphutha elikhulu. Inceku ya-
 suka yathatha utshwala benkosi uDro-
 mbengula yabusondeza eduze kwenzeka
 induma enkulu. Droja yathi ingazelele
 lutho yabuphuzisa. Yabona isiphuzile
 ukuthi yenzel iphutha. IPha kwa kinsasi
 zani?  ba kwa lokha ku Dro mbengu-
 la ukuthi uSibanikani uphuzel utshwa-
 la benkosi. Wathi kabizwe wafika
 kuye. Inkosi yabiza zonke izinduna
 zayo nezokulu ukuba zilalele ukuthi

isengo esibini kangako iso sengenjanu.

Kuthe ukuba kaphelile yathi kaqhu-
bekela phambili ingcosame lowo, ophuzi
utshwala bayo. akonwe kahle abantu
bonke. Waqhubekela phambili ingcosame.
Inkosi yanjanela yathi kuye:

"Mfokazana, uthathephi isibindi soku-
phuzi utshwala benkosi yakho?"

"Qha, Dabizitha," kusho indoda,
insepheya, "Kubeyiphutha elibi ukw-
phuzi kwami utshwala benkosi. Ngib-
bonel sengibuphuzile nye, Dabizitha."

Uahle ka n Nonbenqula.

Wasethe, "uthini? uthi ubone usophu-
zile? Kaurubonanga ukuthi ngobukabani?
Wakhe wakuphuzisa utshwala ngokha-
mlela olunjenge?"

"Uxolo, Ndabazitha. Kubeyiphutha
impela." Kunxephezisa indoda, izilahla
phanisi ezinyaweni zemkosi. Pho, ekhuluma
nobani jengani? Usethukuthela usafila u Do-
mbengula ngoba umuntu eNgelutho ephuzisa
utshwala bakhe, ngokhambal lwakehe futhi.

"Mbambeni!" basebendumela njalo.

Mangumeni izindebe lezo aphuzise ngazo
utshwala bamise. Bamngumama izindebe zemile-

ma. Bamnguma nezindlebe ngoba ziqwe izwi
lenkosi. Bamnguma amakhala amke
iphunga lotshwala bentosi. Bamngu-
ma nolimi dubuphuzileyo. Bathi besu-
ka lapho babemkhitha amehlo. Biphe-
lo salesosenzo kwaba esoku ba umuntu-
lowo aphuphuthetheke endle esujinto engabe-
teeke, wazewadlwa izilwane endle.

from
here

Danga noBhunu inkosi yamaSwai
zi simbona emaphelizifo elukhuni efa-
na neyesilo. Danga kalobu ngobulu-
khuni benhlizifo yakhes ngizoke ngi-
lobe ngokumiswa kwakhe esihlalweni so-

S1(52)

61

K13/3

(29)

bukhosi bamaSwazi. Dqungilobanye lenda ba
 yo kumiswa kwa khei ngoba izeza umkhuba
 wa wenzuwa eSwazini lapho kumiswa inkosi
 e bukhosini.

Kuthiwa kuba kukhona umkhuba
 eSwazini swawu bazwa kuthiwa, "Ukupha-
 nsa umkhonto," swawenzuwa uma kumisa
 swa inkosi. Kuba kuzo kuthiwa elwe izwa
 limeme abantu bonke ukuba babuthane
 ebandla. Kuzofika nama butho onke ehla
 me ephelile. Ake ke eme emkandleni lero
 okuzokwenzelwa kuzo umkhosi. Eme esze
 isikokela esikhulu. Kuzo ukuthi esemile

62

K13/3

152

(30)

inkosi ethi akugunyulwe inkuni eno-
 laka esibayeni. Ethu ingagunyulwa-nye
 ikhombel izinsizwa esithole ukuba ziyi-
 sukele zingaphethe lutho esandleni. Zi-
 yisukele zizeziyibambe ngisho insolaka
 olukhulu. Zithi zingayibamba ziyinge-
 nise kulesosikokela esenzwe amabutho
 Ezithi ingangena phakathi ayidumele ama-
 butho ayilale phansi. Ethu ingawa ayi-
 gwaze esiphangeni, ingafu kodwa. Ez-
 vuka lapho igijime phakathi nesikoke-
 la eyisukela amabutho eyishaya ngezi-
 nduku ise efe.

63

K13/3

(31)

152

Zokuthi ingawa phansi bese ingena
 phakathi kwesikokela imel ithi phuhle
 phakathi naso. Ifihethe umkhonto njalo.
 Imel isikhathana iurephakamisile, bese
 iurephonsa iuregondisa ngalapho izitha
 zayo efuna zihlaselwe zingakhona. Ku-
 thiswa iDolomkazi yaseSwazini yafa
 mhla inkosi uBhunu "ephonsa umkha-
 nto." Yafa kusihlwa emva komkhosi
 lowo wokuphonsa umkhonto. "Okuma-
 ngalayo ukuthi iDolomkazi yabi-
 sitshilo ukuthi njokufa ngozoku lokupho-
 nsa umkhonto ngoba kungeke kubekho-

64

K13/3

(32)

152 wa iddlovu kazi ezimlali ngam kathunye.

Abala yafa iddlovu kazi, wa busa uThunni.

Na khoke sekuthi ngelinye ilanga

use bulala umuntu wakhe ngendlela embi.

Wathi eencekwini azimhlabe ngezipenetu

wonke umzimba. ~~Zidafu~~ yisifaka nga-

sinye emsambeni yizigwale wonke umzi-

mba, aze afe umuntu ebulawa ezimhlungu.

Dgenye inkathi athi umuntu kacwilewe

emanzini ngekhandas aze afe. Singezig-

de nempela izenzo zakhe izimhlungu

okuthiwa wasebulala abantu ngazo.

Imhluzigo zamakhosi kazi zizulukhuni

impela. Noma ngingabala amanje ayeka-
 phatha kabi abantu bawo, kakuswelekile
 lokho ngoba kakusisi lutho ukukhulul-
 ma ngezinto ezibuhlungu kuphela. Dala-
 khu engilobe ngakho ngilobe ukuse ku-
 vele obala umahluko wesimo sethu na
 mhlanje kwesasendulo. Noma siphethwe
 ngesandla esithi silukhuni namhlanje
 kusobala ukuthi singcono kakhulu ku-
 na bantu bakithi ababephila/ngaleso-
 zikhathi ezimnyama, lapho impilo
 yomuntu yayifana nomlilo olokozayo.

152

66

K13/3

17

34

AmaFuzafulele----

AmaDgcobo phela lawo.

"AmaFuzafulele njengezinnyamazane."

Lepisigqwe esikhulu futhi esaziwayo futhi

ngingebale lapha izizwana ezincane esi-

ngumunxa ka Dgcobo ngoba owangixoxela

lendaba ka bange esangixoxela zonke. Ye-

na in Dgcobo ngobo lwa khe uzalwa ngu-

Umesitha. Leligama labo lokuthi "AmaFu-

zafulele njengezinnyamazane," balithatha

emkhumbeni wabo ababe wenza endleleni

Dgoshilo phela ngathi izizwe zasihlakase ka

zihambae zifunae izindawo ezibanzi zokwa-

67

K13/3

(35a)

152

kha nzo kubalekela. Dawoke amaDqobo
 lawa ayesindleleni, ehamba. Kuthi sebeha-
 mbe ibanga elide ka khulu bakhathala.
 Balala. Kuyasa ngakusasa kabasafuni
 ukuhamba, sebefuna ukuhlala kho-
 na lapho. Besike bethatha amahlalala
 bevela amadlangala abo bewafihla
 phela, sebefuna kuniswa umuzi khona
 lapho.

Lahlalake igama lokufulala Daw-
 ke sekwela isaga sesibongo sabo,
 amaDqobo, amaTuzafulele ngengezi-
 nyanzane.

68

K13/3

"Kwa-Matlwane"

"Izadi idume, wena ka senganga-
khona; ngithole, sengahlulekile."

Daso isikhalo esibuhlungu si ka
Matlwane ka Masumpa; inkosi yama-
Agwane, iqawe elikhulu. Dqwe lo Matlwane
owalwa noShaka isikhathi eside
kakhulu. Indaba yokuzula kwa khe lo-
nke iswe ebakela yena noShaka inde
kakhulu; futhi waye u Matlwane kulo-
khokuzula kwa khe waye hambani eqothu-
la kanti okusendleleni yakhe.

Uyikhala ka Dingane nje usekupa

69

K13/3

khona ekusuleni kwakhe lokho, useze wa-

hluleka ukufumana indawo lapho engaphe-

phela khona nabantu aphumule. Usezela-

hla kutDingane ngoba ubhaka wayese file,

Wafika nMatiwane sekubusa lona uhla-

ngal, lunguDingane. Kodwa kaHlalanga

nempela inkathi ende, ngoba izitha zar-

khe zamotha kutDingane zathi angasekame-

ngal, ka bi nMatiwane uma engambulali.

Naye uDingane uthi angakuswa lokho,

wathi kabulawe oka Masumpa. Nabalal-

bambamba bayambulalela odongeni, lu-

khulu shibizwa ngokuthi: "Kukwa-Matiwane."

70

K13/3

152

(35H)

19

U Cebhuwaga no Mbuzazwe

Indaba eyabambiri kakhulu kwatye-
 lu ngenkathi kusa busa inkosi uMpande
 ngerombango emkhulu wabantwana ba-
 nkosi uCebhuwaga no Mbuzazwe. Leningi
 abasola yona inkosi uMpande ngalenda-
 ba bathi nguzi ngoko okwabantwana a-
 ngathi uya ngathas abantwana bakhe

uMbuzazwe lo ngalwa ngu Monasa
 wakwa Amama, mabe eyisibeke sikaShaka
 engamunye wezintombi zomkhulu. Kuthi
 wa wathi ukuba abone uShaka ukuthi
 uMonasa kanciphile babili wama belu

152

umfowabo w Mpande ethi kamsalele kuye.

Kuthe khona tapho wa busa futhi wama-

beli ngokumlobolela w Daggumbazi wa-

kwaZungu lo ozala u Cethwayo.

Ushaka umabali w Daggumbazi-nye

uyamthela ukuthi nguye ozoba inkosikazi

entulu azale kuye indlalifa yakhe eyaku-

busa esi khundleni sika Mpande.

Kangazi nomakwenziwa ngoba u-

Mpande lo wabusa inkathi ende wazawa-

khohlwa ilizwi likashaka. Kodwa kwaw-

thi tapho sebe khulile o Cethwayo no Mbun-

yawe wakhohlwa w Mpande ukubikezela

152

72

K13/3

(37)

u kuthu uCetshwayo angale ku Daggumbasi

nguyena ayakubusa uZulu emva kokuba

fa kwakhe uMpande. Kanti namhla ama-

Bhunu embeka ukuba abuse uZulu amba

za uMpande u kuthu ayena eyinkosana ku-

ko bobabili yimuphi? wathi yena uCetshwayo

Dakhu ke namhla usekhohlwa

konke lokho uMpande, imhlanga yakhe

isigebele ngakw Mbungwe angale ku-

Monase isixebe sika Shaka. Kwabasaba

la kuye wonke uZulu ikathi uMpa-

nde ngebale ngakw Mbungwe, ingama-

uCetshwayo zalwa ngu Daggumbasi nguye

om khulu ofanala u khulu.

Iphutha lelo likar inpandee lasusa u-
 kungezwani okukhulu kubantwana benkosi
 Utzulu wagqibuka phakathi kwasuka olu-
 khulu inthuthwa olwase lwagala impi enkun-
 lu yase Adakusundeni lapho kwafa khona
 abantwana abaningi benkosi, no Mbuzi-
 yagwe ngobo lwakhe, bebalawa uDuthu
 abeqembu ka Cetshwayo.

Dayo impi leyo isiqhatshwa nguMantani
 ntashiya unamewabo ka Mbuzi yagwe ethi
 kalwe no Cetshwayo. Dayo u Cetshwayo ngo-
 bo wabengafuni kulwe kodwa ngexa

152

74

K13/3

39

yokududulwa kukar Mbungwe ngu Mantant-
 shiya nabanye ababefuna igazi kaphela
 yazi yasuka impi Zidumelana izigqoza
 noDuthu empini leyo yaseDonda kusuka
 epanqotshwa noDuthu

Kakwabakuhle lokho kuMpande,
 wade ezwakala ekhulumal amaqin angemna-
 ndi nezi kungo Cetshwayo Ungena nje eBukhosi-
 ni no Cetshwayo ungenela pheshe kweFar elin-
 njalo. Eseqale kisiwe nguzise noMpande

Dankoke umbriso wabhe uba ne-
 sisila usuka phansi, kanti njalo sekwe
 inkufu kwela kwaZulu. Kabusanga inkathi

152

75

K13/3

Inde emava kwalokho yathelaka eyama (40)

Digisi kwazulu. Yalungisa.

S. (152)
152

82

K13/3

(41)

21

Ithongo

Bathi lapho besixoxela abadala
bakithi, Ithongo lalihlala kubantu aba-
khulu ekhaya; yi bona elikhuluma
naba ebusuku libatsheli okufanele ba-
kwenzel. Bathi ithongo leli umuntu ofile-
yo, ose buya esengumoya azokhuluma na-
bantw abasaphila. Namal umuntu equ-
la bekuyekulindwe ukuthi ithongo liza
thini ngaye. Lifikelke ebusuku liku-
sho okuzokwenzeka kulowomuntu; na-
bala kwenzekel njengokusho kwalo ithongo.
Laba abasixoxela ngalo kabasho ukuthi

laluyekhomba kanyama in koma elefu
na ihlathwe; kodwa kuthuwa laluyi-
khomba in koma. Kuthi ekuseni ihli-
ngwe kukhishwe imfongo a the lwe
ngayo ogulayo ukusel asinde.

Dalo ithongo labalahlathelwa izi-
nkomo njengedlozi. Kwenjwenge: Kuthi
izinkomo okuthuwa ngezithongo ziqoqe
lwe ndawonye, zihlukanywe nezunye
okungesona zithongo. Abantu ababese
zhlinsa babeke thwa, futhi bahlukan-
nise kwabanye ngezivatho zabo. Laba
abazhlinsa babinca amitha yamanto -

152

K13/3

(43)

mbarana. Basihlinzeka. Basihlinzeka

seku buthene abafana abancane eduze

nalapho kuhlinzeka khona. Balinde

ukwethwala izitho abazimkiswa aba-

hlinzayo basijese endlini. Kasijiswa

endlini ehlala abantu, zijiswa endlini

ni yezalukazi lapho kungawamile

abantu abaningi, basibeke khona.

Zihlale khona kuzokufike

umnumzane ongomunye walabo akade

bahlisa. Uza uhamba nenye indoda

bazifike bangene endlini yezalukazi ba-

zihlalele bese bezilungisa delo ukuba

152

iphekwe zonke kanye, kanye. Ziphelwe
 lwe labo abakhethele ukuba bazide,
 ngoba inyama yethonga kayidliwa
 ngabantu bonke. Kungakuthi lapho
 ilanga seluya ngomutsha wendoda
 bese yephulwa inyama leyo, i'lokhu
 iphekwe ekuseni. Sebheleli bonke
 laphaya, bahlali ngemindeni yabo. Bazo-
 khangesiswa; kazi bekwa eythebena
 leyo. Banikwa ezandleni yilowo na-
 lowo aphathe iqatha lakhe, balindana
 bade bebana ngamehlo nje, balinde-
 izwi eliphuma kophetheyo lokuthi kaba-

152
 dle. Kuthi ngasolesoselathu besaiyphethe
 ngezandla baqale elikhulu ihubo elu-
 susa usinga. Bahubela myama ye-
 thongo phela. Kuzokuthi tapho ihubo
 selibafudumeza lifike igwe elithi ma-
 bayilokoshele bonke kanye-
 kanye leyomyama. Bayilokosheleke.

87

K13/3

152

46

22

Ukwethwasa

Isangoma ziyethwasa. Ungeke usuke
 ke u be inyanga angazange wethwase
 kuqala. Ka kusijer wonke umuntu onga-
 suke abejinyanga noma isangoma esi-
 bulayo engaqalanga wabufundela wa-
 bethwasela. Kuqala khonjisi inkuba
 umuntu akhangelwe ithango ebusu ku-
 limu bikelala izinto ezizokwenzeka. Aphu-
 phe amaphupho amakhulu ngezinto ezi-
 zokwenzeka. Abanisiwe izinto ezingabo-
 nwa ngabanye abantu. Kuzothi ngai-
 la ekuseni avuke abathela abantu izi-

nto azizwele ebusukini ezibhelwa amathongo.

Zithi zingenzeka abantu baqale

ukubona ukuthi impela ukhuluma

na baphansi. Phela amathongo ka khuluma

lumi nabobonke abantu, akhethe

abathile. Athi angaziveza kudlwa ebun-

suku kumanjeve kuyobikelwa umnum-

uzane noma inkosi ukuthi ubani

ukhuluma nabaphansi. Athi angakun-

zwa lokho umnumuzane abaze enye

inyanga edumileyo ukuba ispholola

lowo okuthiwa ukhuluma namadlwe,

komuntu manje useqala ukwahlula

152

ka kwabanjwe ngesenzo esithile. Usenza
 izinto-nje esingaqor duayo, kubesengathi
 kaziqhelele ingqondo yakhe. Ngule ke
 nokuquluka ngenye inkathi ku be-
 ngathi uphethwe isithuthwane. Bezwe
 abantu esiboda-nje ekhuluma ulimi
 olungaswakaliyo. Kubesengathi kukhu-
 luma abantu abaningi. Bathi yiwona
 lawo amathongo asefuna ukuthuma
 umuntu lowo afuna ukukhuluma na-
 bantu abasemhlabeni. Useyebashwaki
 manje isinyanga. Zinenzele amakhu-
 balo neminye imithi ethile. Useqala no-

90

K13/3

152

kuzaca futhi manje, namhlo lawa ase⁽⁴⁹⁾-

hlaba, asesabeka lapho umbekile.

Useqala manje ukubona nezinto

ezingabonwa ngakanye abantu. Useya

bula kancane. Imithi lena ayidlayo se-

ngathi iyakubanga ukufika, ngoba uyi-

dlanje sengathi kadli lutho. Kughuba-

kile phambili ukwenza izinto ezingab-

ayonda kalayo. Nokudla lokhu kasekudl-

kakhulu. Useqala manje inkubula

ngempela, nabantu sebezama wara-

Kusokuthi umama esezovela oba-

la ukuthi usethwasile manje kuhla-

152

K13/3

(50)

tsheve isinkomo kwenzwe abekulu weli

Kumenywe abantu bonke kulapho

ke esezohlolisiswa ngempela ukuthi

uphumelele na. Kuthokozwe lapho ephu-

melela, nezihlobo zakhe ziyabule.

Manje usezokwaziwa ngabantu bonke

ukuthi useyinjanga ngempela ekwasji-

yo ukubala.

"Abafana Loqungu"

Umkhovu kuthiwa ngumuntu ofana
 nabantu bonke, kodwa futhi owahlu-
 kile kakhulu kubo. Ngizokuchachisa
 lokho ngokuthi / umkhovu kuthiwa umuntu
 ofile wabuye wawuka. Kuyekuthi umu-
 ntu esaphila, esihlalele - nje nabanye
 abantu abathakathi baqonde yena
 bathi bazomenza umkhovu. Lomuntu
 uhleshi - nje abathakathi bayamthakatha,
 benza bonke ububi bobuthakathi ba-
 bo bokuba bambulale. Kangazi noma
 yibona yini abambulalayo noma

152

uyasifela njengabantu bonke. Kodwa

kuyekuthi ekugcineni aqule ka khulu

kuzekumanele ukufu. Deqhlabo za-

khezi bone ukuthi usephelile impela.

Qiniso lapho likhona kulaphas

umuntu lowo, ophendulwa umkhosi

kafi ngempela njengabantu bonke

na befayo. Kuthiwa uyagule ka-

nye, aphelile ingqondo afane nomu-

ntu olele ebusuku angathi ufike ka-

nti uyaphefumula kamane. No-

mntu una eshaywe into ekhanda

ngamandla amakhulu nye, aquleke

152

angeswa lutho olwenziwa kuye. Kufanele

nomuntu elalisewe ngodokotela lapho

bezombhanga, kuyekubengathi ufike

keanti qal. Kuthiwake abathakathi umu-

ntu bamfaka kulesosibhathu nge-

mithi yabo esagula, basothi bethu ka-

abakubo besephola kuba sengathi use-

file. Phela ikhona imithi enjalo

eyenza kubesengathi umuntu ufike,

nenhliziyo yakhe ishayel kancane,

nokufudumala komzimba kunciphel.

Isafunge abantu ukuthi ufike.

Dalawoki ozokwenziwa umkhosi uba-

95

152

K13/3

54

kulesama. Kawukho umuthi nonama
 ndla kangakanani, ngavusa umuntu
 esefile ngempela. Ngisho abedungu
 imbala behlabaniphe kangaka benakha
 konke ukwazi kabakwazi u kuvusa
 umuntu esefile.

Kugondeni kahle lokho.

Dugasho khona ukuthi umkho-
 ru imfakabili; kodwa kakusilo iqin-
 nisa lelo. Athike lowomuntu angaguleka
 abakuba bayomfihla emathuneni,
 bethi ufile. Kanti abathakathi bampondo
 bakhona tapho eduze bayabukela. Sa-

152

lunde ukuhlwa. Bafuna ukubona ihu-
 na lapho ephihlwa khona, ukuse ku-
 thi ebusuku bazombulula. Afihlwe-
 ke umuntu lowo okuthwa ufile, ber-
 sekuphindelwa emakhaya. Kuhlwe-
 balale bonke abantu emazoni. Sekufiki-
 leke ukuhlwa okade kulindwe abath-
 kathi. Sagonde ethumeni lalo. Bambulu-
 le umuntu bakuye naye. Bafike lapho
 behlala khona bamhlikihle ingemithi
 yabo, banenze konke abakwaziyo ko-
 kumphaphanisa. Abala avuke kule-
 sosihlatathi abekuso. Anke kubese-

97

K13/3

56

152

ngathi kad'ezilalele-nge. Baqaleke ukw-
 menza umkhovu. Bazomncindisa
 ezindengeni ezishisayo, uncinda nge-
 minwe phela.

Ancinde imithi ebabayo. Bathi
 abanye inancindiswa-nge abathakathi
 babekel'itshel'elikhulu lapha kanye
 ekhanda khona ezofingqeka. Ancin-
 diswe, ancindiswe ngazi lakhe lize
 ligcwele imithi leyo ebabayo. Liphel-
 ndikeke l'fane ncediswane. Yonke le-
 nkathi ufundiswa umkhuba yo-
 buthakathi. Kasalifuni ilanga lili. Belithi

152

lingaphuma abace emhumeni yabatha-

kathi. Useyagala futhi uku ba mfu-

shane. Kasakwazi uku khuluma, use-

vamise ukuphinesa ubhambanubelu

nye kuphela emlongeni sluthi "Maye":

Bamphethe abathakathi bayamnci-

ndisa, bayamcaba, bayamphalazisa.

Useyathunywa ebusuku ahambel nezi-

mfene zabathakathi uma zithunywa

we ukuyobekela abantu abathakathwayo.

Kuthiwa phela uma umkhosi

ukusubela wawushiya nye nfuno la-

pho unyatheli khona bese unyathela kha

s (152) 152

K13/3

58

khona nawo. Kukhona nemikhovu

yamavagu zsalubazi. Kuthiwa isalu ka-

zi yizora ukukhalina umuntu uma

eseyishuya imikhovu, zisuka zindu-

nusele, umuntu awe phansi. Abanye

bathu uma uhlangana nomkhovu

ungabekhuluma uwezi amazinyo,

ngoba uzowabala bese uyafa. Kuthi-

wa uma ukewa ku filathela umkhu-

vu, wakunika isi phundu sawo

ungeke uphile.

uDomkhukulwana

uDomkhukulwana ubizwa ngo-
kuthiwa iNkosazana. Kuthi ngayo-
nke iminyaka ngesi kathi kuthiwa
amageja kwanduleliswa (u kuthi kusa-
qaliswa ukulima) bese kuphuma bo-
nke abantu bayoqalisa ngokulima
insimane ka Domkhukulwana. Kuthi
nna se be buyile bese beqalisa ukuli-
ma awabo. Kuthi ke sekunthwe umbi-
la bese kuthi ebusulew amantombaza-
na bese bikelana onina. Bese kuthi
abesifazana emizini wonke bese bephu-

152

ma beyophukala imisi yonke (ukuthi
 beyocela umbila nama bele ukwenza
 utshwala buka Domkhukulwana).
 Igama lotshwala buka Domkhubu-
 lwana n Domdebe. Kuthike uma nDo-
 ndebe esekhanywe amantombazana
 abesephuma ehamla mungqunu
 esethatha izin koma imisi yonke azi-
 yisi edlelweni. / 3/10/39

Kuthi nxa esebuya ekuseni abe-
 sethatha isingane eyakuziqqiba esi-
 hlabatheni zivele ngesi phesulu, abese-
 baleka ezishiya. Abuye abuye azozi-

102

K13/3

61

152

mbulula. Kuthi ke emini abese buyisa izi-

nkomo ezunule, ebince ama beshu abe-

silisa. Afike angene esi bayeni aqize

nyengesiziswa. Abuye aqikhiphe izi-

nkomo aqiphindisele edlelweni.

Bese kuthi izintombi sezithwala

uthwala buka Domdede zibuyisa

endle. Bese zigasa umzimba zenza umshopi.

Amantombazana abeseyidla yo-

nke isininu ka Domkhu bulwana

iphela nya ngalolulusuku. Bese ku-

landela iziziswa zija kuphuzo lo-

botshwala buka Domdebe. Dgezi khathe

152

K13/3

(62)

¹⁵² zika Nomkhubulwana usukw lomqgibe
 lo lwaluhlonisthwa kungasethenywa
 ngalo. Sekuthi nxa ekhona owesifa-
 zana, ophumile wayofula ensimini
 ngoongqibelo a fumanisane no Ro-
 mkhubulwana abesembamba ethi
 kahambe ayotshela abanye. Ubebo-
 nwa abesifazana kuphela. Sekuthi
 wa n Nomkhubulwana ukhuluma
 nabesilisa uma ephakathi kwenku-
 ngu noma esesihlabeni. Udo-
 mkhubulwana bekuthiwa inkosaga-
 na n Nomhoyi.

Izi kuluma zakhe ubevama
 ukubika ukuthi kusobanjimale ne-
 mvela enkulu. Abuye athi futhi
 uma lomisele kubangwa uye lokho
 ngoba kathandi lina ngoba abantu
 bamcasulile. Mhlambe kathandi
 ukuhamba endaweni enethisiwe ngo-
 ba funa abishe ngenxa yokusinda
 kwakhe. Futhi ubevama ukukhu-
 luma nabalinda izinyoni emasi-
 minu, athi masijekwe zingalindwa
 ngeke zivagede amaphela.

Ukugcweleza

Kukhona igama esibiza ngalo bonke abantu abenza imikhuba emibi yobugebengu nezobusela, elithi ukugcweleza. Labo bantu sibabiza sithi izigwelegwele, sitsha ngoba begcweleza. Nguzibona ukuthi lelogama lathathwa kuSizigwelegwele ozalwa nguMhlekehleke. USizigwelegwele lo wabeyinduna, enkulu yeNgobamakhozi ngenkathi kusa busa uCethwayo kwaZulu. Kuthiwa uSizigwelegwele lo waqamba umkhuba omabi kwaZulu wokungahloniphi. Lamkhuba

106 K13/3

152

wonakalisa isizisizwa zante ezawenza-⁽⁶⁵⁾
 yo wabayisinengiso kubobonke abantu
 kwaZulu, nona wabuya warcipha
 kodwa wenza umonakalo omkhulu
 kwaZulu. Ngusigwelegwele lowo ke.

Dakhu futhi okwabangela igama
 likaSigwelegwele libesematheni
 kubantu bonke kwaZulu ngabonkathi
 nona lokho ngingekusho ukuthi kwama-
 sinika igama leli esibiza ngalo izige-
 bengu: Ibutho leDobamakhosi kwa-
 kuzi butho elincane lihokwa nguye usi-
 gwelegwele kaMahl'kehleke. Salihlala

khona emzini wenkosi, Ondini. I Ngobama -
 khosi lena ibutho bezinsizwa ezinga ka -
 ganwa. Khona lapho kukhona ibutho
 la kwa Julwana ama Mboga lawo. Ina -
 Mboga anezindlu ahlala kuona, kwa -
 zise wona ajesepizinsizwa eziqinile,
 eseganiwe. Kwakuyekuthi njalo lapho
 abafana be Ngobama khosi belamela
 amadoda akwa Julwana bengakisa -
 na ngamazi angemahle nezal ezindlebeni
 zama Mboga akwa Julwana. Komoya woku -
 ngezwanini wanda wazal wangena isindu -
 na zawo.

152

Dangoke udigewelegewele esesabana
 nohamu ka mpande i mbozi lansondo
 elabe liyinduna ka Julwana. Ukuxa-
 bana kwabo kwaphetha ngegazi. Kutha
 kusenjalo zisabekene ngeziqu zamahla
 zinsizwa, nango ulethwayo ethumela
 izwi ezintombini zebutho ledigugae ethi
 uyaziuba, ezijubela ibutho ledlondo
 zengaba izintombi, kwazise zaziqome
 kwalinye ibutho, ukwedelala okungo-
 ko kwesintombi akubonanga kubek-
 khona kwazulu. Kwabashaqisa aban-
 ntu lokho, kuyilapho nokusabana ku-

152

kaSigwelegwele nohamu sekungqimela

empini embi. Kwabakubi impela.

Kuthe ngelinye ilanga zadumelana nge-

zinduku. Abafana beDgobamakhozi ne-

butho lakwaTulwana. Baphihlizana

ngezinduku kwalimala abamngi. IDgo-

bamakhozi yabahlisa abakwaTulwana.

Ahlehlala amaMboza. Kuthe ukw-

ba akubone lokho uhamu nango ethu

uTulwana maluhlome imikhonto lu-

bagwaze abafana. Kwabakubi impela

lapho. Kwaliwa ingempila manje

igazi lagobaza, amaMboza ebagwaza nge-

152

mikhonto abafana. Kwafu abantu aban-

ningi nhlangothi zombili, kwazise

kwakungekho owayengajilamula leyo

enkosi uCetshwayo washage kamje ebo-

na umhlola, onjalo wenzeka phambi

ke wakhe. Izwe lasel lami kabini ngale-

nkathi, selizukelwa amanje ngoba:

Emisa kwaloluthuthuwa indigwele gwele

wayobaca ehlathini, kodwa wasinda

ngaleyo nkathi, ngoba wayizelala uxolo

enkosini ngehlalo.

Danswele indaba ka digwele

gwele ka Mhlekehleke.

"Laduma Izulu Le Khosi."

"Bayethe! Dabizitha! Uyizulu!"

Sisho njalo thina bakwazulu la-
pho sikhulekela amakhosi akithi. Izulu
leli eliphazulu ngisho nangezikhathi kusa-
buswa kwazulu labelagwal ubukhulu
balo; ngoba nakuzo izibongo zama-
khosi eselwa izulu lijaphathwa kakhu-
lu. Ubukhulu benkosi babulingani-
swa nalo phela ngoba ^{ngi}yabona ukuthi
labelathi lingaduma, libaneke, abone
noma ke umuntu ukuthi izulu leli eli-
phazula linamandla amakhulu impela.

152

Noma ngungazi ukuthi kwakuyi kufike
 yini ezingqondweni zabantu ngaleyo kathi
 ukuthi ikhona inkosi eDulwini enama-
 ndla kunawenkosi leyo ebusapo, a bayi-
 bona ngametho.

Bona babewabona amandla eku-
 lw njengoba sengishilo. Danse nenganga
 enkulu yakwa Luthuli okwathi mhlal-
 ubhaka ezicuphile izinyanga ngokufa-
 faza iqazi ensikeni yesigodlo sakhe efa-
 na ukubona ukuthi zingase zimnike
 yini ngobo lwakhe, yasuka yathi
 yona inyanga yakwa Luthuli imuka

bona izulu eliphuzulu. Ipho yena uShaka ngoba

Ubizwa ngesulumje ngenxa yobu-

khulu bakhe, obabesabeka. Lalithi linga-

duma izulu zisho izimbongi zakhe zithi,

laduma izulu lenkosi. Umbani nawo

ngithi wawubulala abantu njengoba

ubulala nanamuhla, ngoba nenkosi

kwakuye kuthiwe izitha zayo nama-

nda, okuzijana ngokuphazama kweso

okwezulu, besho wona umbani. Kuzo izi-

mbongi zenkosi uDinuzulu sigwa kuthi-

wa: izulu eliduma emva kwenkulu lath-

tha izingane zika Maphitha zonkana

152
lasithela e m khuse.

Kuthiwa kunge kuthi nalapho kw-
phuma impi, lapho amaviso ngama-
vise esemile ngezindawo zawo eshlome
ephelile, izinduna sezide zizulazula
zehlalenzuka ziwahlolal ukuthi
aphelile ngempela, isuke inkosi ikhu-
lume nawo. Iwaxala, iwavusa, iwa-
khuthaza. Lese izimbongi ziqala
ihubo elikhulu kempu. Ihubo elisusa
nsinga endodeni. Alihube wonke am-
amaviso kunyakaze umhlaba. Zizasuka
lapho izimbongi zibonga inkosi ngezibonga

152

K13/3

(74)

zankel zayo. Inabutho afudumale manje

Afudumale, amuke/ampis, afise kubese-
ngathi ngabe zigadumelana khona la-
pho. Amehlo agcwele isinyembezi, isi-
fuba zawo zigubazele. Kuthiwa uma
sekunjalo izulu lalipe lhlome ngisho
kade libalele lisakazeka.

Ligqanjwe l'beningama, lize nesil-
khulu isiphapho. Bashoke abaseleyo
